## SUBMISSION IDENTIFIERS:

| | |
|---|---|
| **Isihloko** | **Umbiko weBhodi LoLimi eNyuvesi YaKwaZulu-Natali 2017/2018** |
| **Umbhali neSikhundla sakhe** | uSolwazi B Pillay (DVC: T&L (Ibamba); uSihlalo : iBhodi Lolimi)<br>Dkt Langa Khumalo(uMqondisi: ULPDO) |

## UMLANDO WOKUGUNYAZA

| Izakhiwo Ezithintiwe | Usuku | Umphumela |
|---|---|---|
| IBhodi LoLimi YeNyuvesi | 27 Nhlangula 2018 | Wesekelwe |
| Izigele | 05 Mandulo 2018 | |
| | | |

## OKUQUKETHWE UMBHALO

### Isiphakamiso

Ukwazisa ngoMbiko weBhodi LoLimi YaseNyuvesi (ULB) (2017/2018) njengesimiso senqubomgomo.

### Isisekelo

UMbiko WeBhodi LoLimi YeNyuvesi wezi-2017/2018 ungowesikhombisa walohlobo obhekiswe kuZigele ngokuhambisana neNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi olubeka ngokucacile ukuthi umbiko olimimbili kumele wethulwe kuZigele zeNyuvesi. Umbiko wokuqala, wesibili, wesithathu, wesine, wesihlanu nowesithupha wethulwa ngomhla ziyi-9 kuNhlaba 2012 , 21 kuNcwaba 2013, 20 kuNcwaba 2014 , 19 kuNcwaba 2015 nomhla wezi- 31 kuNcwaba 2016, nomhla wezi-27 kuNcwaba 2017. Lo mbiko wamanje uhlanganise eminye imisebenzi nenqubekela phambili ye-ULB ekusebenziseni Uhlelo LoLimi LweNyuvesi.

### Ezezimali

Kubikiwe ngaphakathi kombiko.

### Okuhambisana Nalokhu

Umbiko WeBhodi LoLimi YaseNyuvesi YaKwaZulu-Natali yonyaka wezi-2017/2018.

**Umbiko WeBhodi YoLimi YaseNyuvesi YaKwaZulu-Natal**
**Wonyaka Wezi-2017/2018**

## Okuqukethwe


1. Isingeniso ........ 3

**Amalungu eBhodi Lolimi YeNyuvesi 2017:** ........ 3

2. IHhovisi LeNyuvesi LezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi ........ 4

3. Ukusebenza KweNqubomgomo NoHlelo loLimi ........ 5

3.1 Ukuthuthukiswa Kwamatemu ........ 5

4. Ukusatshalaliswa Kwezokuhlelwa Nokuthuthukiswa KoLimi Esikhungweni Sonke ........ 5

4.1 Ubuliminingi Nokuhlala Ngobumbano ........ 5

5. Ukwakhiwa Kwekhophasi ........ 5

6. Umsebenzi Wekhophasi Wangaphandle Kwehhovisi ........ 7

7. Isimpoziyamu YezoCwaningo KwezoLimi ........ 7

8. Imisebenzi Exhaswe Ngezimali ........ 7

9. U Amaphrojekthi Axhaswe Yi-ULPDO ........ 8

# 1. Isingeniso

IBhodi LoLimi YeNyuvesi isaqhubeka nokwengamela ukusetshenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi LweNyuvesi ngokususelwa kumimandela kasomqulu weNyuvesi. I-ULB iqapha futhi iphinde ihlole inqubekelephambili ekusetshenzisweni koHlelo LoLimi LweNyuvesi. Ihlinzeka iHhovisi LeNyuvesi LokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi (ULPDO), okuyilo elinomsebenzi wokuqinisekisa ukusebenza kweNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi, ngomhlahlandlela wokwenza umsebenzi walo. Kulonyaka obukwayo, ukuzibophezela ekuthuthukisweni kwamatemu emikhakha kuholele ekuphothulweni kokuthuthukiswa kwamatemu emikhakha yeZifundo NgeNhlalo, EzoCwaningo nezoMthetho. Kuthuthukiswe amatemu ayi-1666 ngonyaka wezi-2017 kulandelwa izinhlelo ezisemthethweni ezibekiwe. Ibhange LamaTemu esiZulu (IsiZulu Term Bank) selivakashelwe abantu abayizi-7 960 kusukela ekwethulweni kwalo kuLwezi wonyaka wezi-2016 kanti liqukathe amatemu ayizi-4632. Isihlolimagama sesiZulu (spellchecker), naso esathulwa ngonyaka wezi-2016, sesinezinye izinsiza ezintsha ezilekelela osisebenzisayo. Okunye okubalulekile okwenzeke ngonyaka wezi-2017 kube ukukhula kweKhophasi KaZwelonke YesiZulu yafinyelela emagameni ayizigidi ezingama-31.7 okuyenza ibe enkulukazi yoLimi Lwase-Afrika. Ngale nsiza, isiZulu singaba ulimi olufundwa emhlabeni jikelele.

**Amalungu eBhodi Lolimi YeNyuvesi 2017:**

| | |
|---|---|
| Solwazi B Pillay (Chair) | DVC: Teaching and Learning (Acting) |
| Dkt L Khumalo | Director: University Language Planning & Development |
| Dkt R Dhunpath | Director: Teaching & Learning |
| Dkt R Laka-Mathebula | Executive Director: Student Services |
| Mnu. B Banda | Support Services |
| Solwazi D North | Agriculture, Engineering and Science |
| Mnu L Vorster (Alternate) | Agriculture, Engineering and Science |
| Solwazi N Hlongwa | Humanities |
| Dkt A Bengesai | Law and Management Studies |
| Mnu. K Zondi (Alternate) | Law and Management Studies |
| Nkkz S Panday | Health Sciences |
| Nkkz C Engelbrecht (Alternate) | Health Sciences |
| Dkt. M Mbatha | PanSALB |
| Dkt G Mazibuko | Academic Expert |
| Dkt N Sibiya | Academic Expert |
| Mnu. K Mngadi | Coordinator: ULPDO |
| Nkz N Bhengu | CSRC Representative |

I-ULB ibambe imihlangano emine ngonyaka wezi-2016. Le mihlangano ibe yingosi ebalulekile lapho kwakhiwa khona amasu nezinhlelo zokuhola ukusetshenziswa kweNqubomgomo noHlelo LoLimi ezingxenyeni zonke zenyuvesi. Lo mbiko ucacisa ngezinye izingqophamlando ezenziwe i-ULB njengengxenye yokusetshenziswa koHlelo LoLimi.

## 2. IHhovisi LeNyuvesi LezokuHlelwa NokuThuthukiswa KoLimi

IBhodi LoLimi YeNyuvesi iqapha futhi ihlole okuhlinzekelwe yiNqubomgomo YoLimi njengoba kumisiwe kusomqulu we-ULB. Uhlelo lokwenza isiZulu ulimi oluthuthukile ukuze lugcine lulingana nolwesiNgisi ngokusetshenziswa kwezokuxhumana emazingeni aphezulu ezingxenyeni zonke zeNyuvesi, luqalwa i- ULPDO, futhi lubikwa kane ngonyaka emihlanganweni ye-ULB. Umunxa obalulekile wohlelo lolimi (bheka isithombe 1.) ngokugunyazwa kwe-ULB, ukwakhiwa kwamatemu emikhakha ehlukene, ukwakhiwa kwekhophasi yesiZulu, kanye nokuthuthukiswa kwezincwadi zesimanje ezibhalwe ngolimi lwesiZulu. Okunye kwesiZulu okwenziwayo kuhlanganisa ukuqeqesha, ukuhlinzekwa kokuhumusha (kanyekanye) nokutolika, ukugqugquzelwa kolimi lwezimpawu, uhlelo i-Bua Le Nna, ucwaningo lwezolimi, nokuthuthukiswa kwezinsiza zamakhompyutha.

Inqubomgomo nohlelo lolimi lwase-UKZN luyakuhlonipha ukukhula kobungxube kubafundi besikhungo sonkana. Iningi labafundi base-UKZN bakhuluma isiZulu njengolimi lwabo lwasekhaya. Emzamweni wokuhlela kabusha ezokufunda, ngoMasingana wonyaka wezi-2014 i-UKZN yethula isifundo sesiZulu esiyimpoqo kubona bonke abafundi abasenza iziqu abangasikhulumi isiZulu njengolimi lwasekhaya noma abangasifundanga phambilini. Lesi sinqumo seZigele zase-UKZN, esamelwa umthetho DR9, sahlinzeka ngesisekelo esibalulekile sokuthuthukisa nokuphakamisa nokwenza isiZulu ulimi lwezokufunda. Lesi sifundo sithathwa njengesisombululo kwezokubambisana nakwezokuhlala ngokubumbana esikhungweni. NgoLwezi wonyaka wezi-2016, iZigele zase-UKZN zagunyaza umthetho DR 9(b) owenza kube yisidingo ukuthi yonke imibhala yamadisetheshini ibe namaqoqa esiNgisi nesiZulu ezifundweni zobudokotela. Lo mthetho omusha wolimi eziqwini zobudokotela unomthelela owuphawu nobonakalayo ekugqugquzelweni kokusetshenziswa kwesiZulu kwezokufunda, ukufundisa nokucwaninga

Ngesikhathi sokwethweswa kweziqu kuMbasa wonyaka wezi-2018, i-ULPDO ithole amaqoqa eziqu zobudokotela ayi-147 ukuze ahunyushwe abe yisiZulu. Amaqoqa ahunyushwe yithimba labahumushi abanamava abaqokiwe base begunyazwa i-ULB. Kuhunyushwe amaqoqa ayi- 137 aba yisiZulu. Ayishumi asalile abebucayi kakhulu futhi njengoba bekungenamatemu aqondile omkhakha, ukuwahumusha kube nzima kakhulu. La maqoqa azobuyiselwa kubaluleki babafundi futhi kwenziwe nesiphakamiso sokuthi kuhlanganyelwe ne-ULPDO ukuze kwakhiwe amatemu alemikhakha.

Ukubaluleka kokuguqulwa kohlelozifundo kuthola izwi ekusetshenzisweni kolimi ekususweni kwezihibe ezivimbela ukufinyeleleka nempumelelo ukuze kuthuthuke isikompilo lesikhungo futhi kutholakale ukuhlalisana ngobumbano. Ukuguqulwa kohlelozifundo kuthola ukusebenza ekufundeni ngezilimi ezimbili lapho kuqala ngezifundokubuyekeza, kuye kukhula kuze fufike ezifundweni kugcine ocwaningweni. Ukuntuleka kwamatemu ezilimi zase-Afrika ikakhulukazi esiZulu, kuhlale kusetshenziswa njengesizathu esibangela ukuthi lezi zilimi zingasetshenziswa kwezemfundo ephakeme ekufundiseni okuthathwa njengezinto ezibucayi zesayensi. Ukuze kube nezifundokubuyekeza ezilimimbili (kanye nezifundo) ukuze kuthuthukiswe izinga lokuqonda nokufinyelela olwazini olunzulu, iNyuvesi yakhe amatemu ezesayensi emikhakha ehlukene esiZulu ngokulandela imithetho ebekiwe yokuthuthukiswa kwamatemu. Lokhu kuhambisana neMpokophelo 1 kuHlelosu lwe-UKZN lonyaka wezi-2017- 2021.

**IMpokophelo 1: Ukuthuthukisa izinga kwezokufunda nokufundisa**

Le mpokophelo izokwenza lokhu:

- Ukugqugquzela ukufinyelela kwabafundi, ubungxube, nempumelelo;
- Ukuhlinzeka kohlelozifundo okunesidingo emphakathini;
- Ukuhlinzeka ngezokufunda ezisezingeni eliphezulu; kanye
- Ukuphokophela izinga eliphezulu nokwakha izindlela ezintsha kwezokufunda nokufundisa.

# 3. Ukusebenza KweNqubomgomo NoHlelo loLimi

## 3.1 Ukuthuthukiswa Kwamatemu

Njengoba kushiwo ngenhla, ukuthuthukiswa kwamatemu nakho kuwumsebenzi obalulekile we-ULPDO. Uhlelo lonke lokuthuthukisa amatemu luhlanganisa izigaba ezihlukene kusukela ekuqoqweni kwamatemu nokudingidwa kwawo, kudlulwe ezigabeni ezisemthethweni (ukuwacubungula nokuwaqinisekisa), kuze kufike ekusatshalalisweni kwawo nokutshenziswa kwawo emphakathini. Ngokuhambisana nohlelo lokuthuthukiswa kwamatemu oluwumthetho, i-ULPDO isebenza ne-Pan South African Language Board (PanSALB) njengokubeka komthetho, bahlele imihlangano yokudingida amatemu, ukuwacubungula nokuwagunyaza. Kubanjwe imihlangano eyi-7 lapho kukhiqizwe amatemu ayi-1666 agunyaziwe futhi asesatshalaliswa kusetshenziswa izinsiza ezihlukene. Imikhakha esetshenziwe oweziFundo Ngenhlalo, Ezobuchwepheshe, nezoMumomzimba. Ithebula 1 elingezansi likhombisa ukuhlelwa kwamatemu ngokwemikhakha okwenziwe ngesikhathi esibuyekezwayo.

*Ithebula 1: Imikhakha nesibalo samatemu athuthukiswe ngonyaka wezi- 2017/2018.*

| Isibalo. | Umkhakha | Amatemu Athuthukisiwe | Amatemu Acutshunguliwe | Amatemu Agunyaziwe | Isibalo Samatemu Asele |
|---|---|---|---|---|---|
| 1. | Izifundo Ngenhlalo | 494 | 521 | 520 | 0 |
| 2. | Ubuchwepheshe | 536 | 536 | 536 | 0 |
| 3 | Ezomumomzimba | 636 | 0 | 0 | 636 |
| **Ithothali** | | **1666** | **1057** | **1056** | **636** |

# 4. Ukusatshalaliswa Kwezokuhlelwa Nokuthuthukiswa KoLimi Esikhungweni Sonke


## 4.1 Ubuliminingi Nokuhlala Ngobumbano

Enye yezinhloso zeNqubomgomo Yolimi YeNyuvesi (2006 yabuyekezwa ngonyaka wezi-2014) uku“[…] londoloza nokugqugquzela ukuhlonishwa, nolwazi lokusebenzisa, izilimi ezibalulwe kuMthethosisekelo, nezinye izilimi okuhlanganisa nezilimi eziyigugu, ezilekelela ekuqinisweni kwamaxhama abalulekile ezamasiko, ezesayensi nezomnotho […]”. Njengengxenye yokusebenzisa ubuliminingi eNyuvesi ukuze kube khona ukuhlalisana ngobumbano, i-ULPDO isaqhubeka nokuhlela uhlelo lwe-*Bua le Nna* (Let’sTalk) njengomsebenzi oqhubekayo ezindaweni ezihlala abafundi. Inhloso yohlelo ukufundisa abafundi ukukhuluma isiSuthu kubafundi abangasikhulumi abahlala ezindaweni ezihlala abafundi i- John Bews and Ansel May. Esikhathini esibuyekezwayo, kube namakilasi ayi-10. Isibalo sabafundi siya ngokukhula njalo ngonyaka. Lokhu sekugqugquzele ulimi lwesisuthu kanye nomsebenzi wokuhlalisana ngobumbano wenyuvesi.

# 5. Ukwakhiwa Kwekhophasi

Enye yemisebenzi ehlose ukuthuthukisa ulimi lwesiZulu ukwakhiwa kwekhophasi kazwelonke yesiZulu (INC). Ikhophasi iyimininingo ngolimi lwemvelo eqoqwayo futhi ihlelwe etholakala ezinhlotsheni ezihlukene zemibhalo neminye imithombo kulandelwa uhlelo lwemithetho ethile, okwenza isampula ngokwezibalomidanti elikhomba ukusetshenziswa kolimi oluthile futhi egcinwa iphinde ifinyeleleke ngokusebenzisa amakhompyutha. I-INC yolimi olujwayelekile (LGP) enamagama anyizigidi ezingama- 31.7 inkulu kunawo wonke amakhophasi ezilimi zase-Afrika akhona. Iyindlela ethembekile yokuqapha futhi elinganiseke ngokufanele ngokwezemibhalo nezihloko eziqukethwe.

*Isithombe 1. Isithombe se-INC enamagama ayizigidi ezingama-31.7*




| text file | Overall | 0649 | 0650 | 0650 | 0651 | 0652 | 0653 | 0654 | 0655 | 0656 | 0657 | 0658 | 0659 | 0660 | 0661 | 0662 |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| file size | 257 651 312 | 113 922 | 118 340 | 75 712 | 97 | 136 | 182 | 80 | 34 | 126 | 133 | 98 | 86 | 95 | 193 | 71 |
| tokens (running words) in text | 31 775 804 | 13 109 | 13 542 | 8 734 | 11 | 16 | 22 | 9 093 | 4 165 | 15 | 15 | 11 | 10 | 10 | 23 | 8 404 |
| tokens used for word list | 29 893 420 | 12 333 | 12 748 | 8 287 | 10 | 15 | 20 | 8 655 | 3 999 | 14 | 14 | 10 | 9 472 | 10 | 21 | 7 789 |
| sum of entries | | | | | | | | | | | | | | | | |
| types (distinct words) | 3 970 000 | 7 224 | 7 471 | 5 112 | 6 542 | 8 923 | 8 465 | 5 609 | 2 584 | 8 425 | 7 957 | 6 511 | 5 552 | 6 073 | 9 122 | 4 991 |
| type/token ratio (TTR) | 13,28 | 58,57 | 58,61 | 61,69 | 61,57 | 57,54 | 42,02 | 64,81 | 64,62 | 57,78 | 55,33 | 60,81 | 58,61 | 58,20 | 43,08 | 64,08 |
| standardised TTR | 69,36 | 72,09 | 73,65 | 72,88 | 73,09 | 75,78 | 53,70 | 75,71 | 73,57 | 73,49 | 72,07 | 73,58 | 69,35 | 72,50 | 55,42 | 73,30 |
| STTR std.dev. | 30,83 | 24,91 | 24,56 | 24,27 | 25,25 | 22,94 | 37,90 | 21,96 | 20,72 | 25,29 | 26,20 | 23,99 | 28,63 | 24,54 | 38,90 | 23,76 |
| STTR basis | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 | 1 000 |
| mean word length (in characters) | 6,35 | 6,89 | 6,87 | 6,90 | 6,89 | 6,82 | 6,67 | 7,07 | 6,56 | 6,60 | 6,98 | 6,93 | 6,49 | 7,01 | 6,66 | 6,73 |
| word length std.dev. | 3,37 | 3,29 | 3,20 | 3,17 | 3,24 | 3,09 | 3,28 | 3,15 | 3,23 | 3,16 | 3,25 | 3,16 | 3,34 | 3,19 | 3,26 | 3,34 |
| sentences | 2 322 360 | 845 | 840 | 578 | 711 | 1 038 | 1 489 | 609 | 260 | 890 | 1 002 | 743 | 621 | 753 | 1 833 | 522 |
| mean (in words) | 13,05 | 14,60 | 15,18 | 14,34 | 14,95 | 14,94 | 13,53 | 14,21 | 15,38 | 16,38 | 14,35 | 14,41 | 15,25 | 13,86 | 11,55 | 14,92 |
| std.dev. | 203,74 | 12,24 | 13,84 | 12,41 | 13,36 | 11,37 | 10,87 | 12,72 | 13,28 | 13,59 | 12,13 | 11,45 | 16,14 | 11,63 | 10,30 | 12,81 |
| paragraphs | 240 280 | 110 | 82 | 62 | 73 | 71 | 35 | 61 | 19 | 55 | 166 | 43 | 196 | 92 | 31 | 112 |
| mean (in words) | 124,41 | 112,12 | 155,46 | 133,66 | 14…6 | 21…1 | 57…0 | 14…9 | 21…7 | 26…3 | 86,63 | 24…0 | 48,33 | 11…1 | 68…3 | 69,54 |
| std.dev. | 1 345,41 | 268,98 | 293,43 | 239,75 | 28…0 | 48…6 | 1 | 27…6 | 29…0 | 66…9 | 22…0 | 54…2 | 14…1 | 24…9 | 1 | 18…3 |
| headings | | | | | | | | | | | | | | | | |
| mean (in words) | | | | | | | | | | | | | | | | |
| std.dev. | | | | | | | | | | | | | | | | |
| sections | 2 385 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 | 1 |
| mean (in words) | 12 533,93 | 12 | 12 | 8 | 10 | 15 | 20 | 8 | 3 | 14 | 14 | 10 | 9 | 10 | 21 | 7 |
| std.dev. | 20 297 20 | | | | | | | | | | | | | | | |

I-INC isikhule ngokumangazayo kusukela kuLwezi wonyaka wezi- 2014. I-INC yethulwa inamagama ayethokozisa ayi-1.3 weziigidi. Ekupheleni konyaka wezi-2015 i-INC ibisifinyelele ezigidini eziyi-10. KuLwezi wonyaka wezi-2016 yethulwa ngokusemthethweni inamagama angama-20 ezigidi, okuyisibalo esihle kakhulu, esidlula amanye amakhophasi ezilimi zase-Afrika esikhathini esifishane. Ezingeni lokuhlela, i-ULPDO isisungule ubudlelwano obubalulekile nesebenzisana nabo. Laba esebenzisana nabo kufaka; Iphephandaba i-Ilanga, Isishayamthetho sase KZN, Umshicileli i-Shutter and Shooter kanye noMtapo Wolwazi i-Killie Campbell. Lezi zikhungo zinikeze ulwazi ngobuchwepheshe oluqhubeka nokukhulisa i-INC ngendlela eyisimanga. Imininingo etholakele kulezi zikhungo ikhuthaze ukukhula kwekhophasi yaze yafinyelela ezigidini ezingaphezulu kwama-30. Isithombe 2 lapha ngezansi sikhombisa ukukhula kwayo kusukela kuLwezi wangonyaka wezi-2014.

*Isithombe 2. Iphethini yokukhula kwe-INC*

**UKUQOQWA KWEKHOPHASI KUSUKELA NGONYAKA WEZI-2014 -2017**



## 6. Umsebenzi Wekhophasi Wangaphandle Kwehhovisi

Ukuze kube nokulingana ku-INC phakathi kokubhaliwe nokukhulunyiwe kukhophasi, iHhovisi LeNyuvesi LezokuHlelwa nokuThuthukiswa KoLimi laqala umkhankaso wokuqoqoa amasampula okukhulunyiwe emiphakathini ekhuluma isiZulu esifundazweni saKwaZulu-Natal. Lokhu kwenziwa kuNtulikazi wonyaka wezi-2017. Abasebenzi base-ULPDO bahambela izifunda eziNyakatho naseNingizimu ye-KZN ukuze kuqoqwe imininingo eyinkulumo eqoshiwe yase ibhalwa abafundi abangabalekeleli bocwaningo.

Amasampula ayethinta izihloko ezihlukene ukuze akhombise uhlobo lwempilo yabantu abangamaZulu. La masampula asahlelwa kahle ukuze afakwe kukhophasi i-INC ukuze ibe nokulinganiswa kokubhaliwe nokukhulunyiwe. Isibalo sekhophasi ekhulunyiwe esasibhekiwe kwakungamagama ayisigidi.

## 7. Isimpoziyamu YezoCwaningo KwezoLimi

Ihhovisi Lezokuhlelwa NokThuthukiswa KoLimi e-UKZN libambe isimpoziyamu yalo yeminyaka emibili yezocwaningo kwezolimi ekhempasini i-Howard ngomhla wama-25 kuMfumfu 2017. Isihloko sesimpoziyamu sasithi Ezobuchwepheshe Ziwumongo wokuthuthukiswa Kolimi LwesiZulu Enyuvesi YaKwaZulu-Natal. Isimpoziyamu yahlinzeka ngengosi lapho abafundisayo ababambe iqhaza emisebenzini yezolimi emakolishi wonke ase-UKZN ukuze kubuyekezwe inqubekelaphambili ekusetshenziswени kweNqubomgomo NoHlelo LoLimi LweNyuvesi.

USolwazi Sonya Bosch wase-University of South Africa wathula inkulumo yosuku yakuqala. USolwazi Monwabisi Ralarala onguMqondisi wesizinda iFundani Centre for Higher Education Development e-Cape Peninsula University of Technology, wathula inkulumo yosuku yesibili. Waphinde wagcizelela ukubaluleka kokuthuthukiswa kwezobuchwepheshe bolimi ukuze kuthuthukiswe izilimi zase-Afrika. Wenza izibonelo zezinsiza esezakhiwe ekhombisa nokuthi zilekelela kanjani ekuthuthukisweni kwezilimi zase-Afrika.

Kwafundwa amaphepha anhlobonhlobo ayefundwa othisha base-UKZN okuhlanganisa nabasebenzi abahlanu base-ULPDO. Isimpoziyamu yayihanjelwe abezindaba abahlukene okubalwa UkhoziFM, Ilanga njll. Isimpoziyamu yaba impumelelo enkulu njengoba kunanela nokwakubhalwe emafomini okubuyekeza umcimbi ayegcwaliswe abebehambele umcimbi.

## 8. Imisebenzi Exhaswe Ngezimali

I-ULB ngonyaka wezi-2016 i- ULPDO ixhase ngezimali isaveyi eyenziwe inyuvesi yonke ngemali engama- R200 000. Le saveyi yayiholwa uSolwazi Delia North futhi seyisemaphethelweni. Inhloso yesaveyi ukuhlola ukuthi umphakathi wasenyuvesi unolwazi kangakanani ngenqubomgomo nohlelo lolimi lwenyuvesi kubafundi, abasebenzi (abafundisayo nabangafundisi) ukuze kubonakale okumele kwenziwe ukuze le nqubomgomo isebenze ngokufanele ekufezeni izinjongo zenqubomgomo nohlelo lolimi. Isaveyi yaphothulwa ngonyaka wezi-2017 Owayehola lo msebenzi usolwazi Delia North wabuyisa umbiko wokugcina, owahunyushwa wethulwa ku-ULB. Isaveyi ayibanga nesasasa elalilindelekile, kubasebeenzi nabafundi. Ngakhoke lo mbiko ungafundwa njengobika uvo lwababebambe iqhaza ngoba imiphumela ayikwazi ukuthathwa ngokwezezibalomidanti.

i-ULB yaxhasa uhlelo luka Mnu Luke Vorster ngemali engama-R86 400 ukuze kuhlinzekwe ngesiZulu nesiNgisi izifundo ze-Computer Driver's License kanti futhi kunomsebenzi wokwakha amatemu esiZulu omkhakha wezobuChwepheshe nawo ojoholwa uMnu Luke Vorster.

Ithebhula 2 ngezansi likhombisa imisebenzi ehlukene exhaswe i-ULB in 2013/2014 emaKolishi womane, iKolishi LezesiNtu, ElezoMthetho NokuPhatha, EleziFundo ZezMpilo nelezoLimo, ubuNjiniyela neSayensi asaqhubeka nemisebenzi yawo kahle kakhulu. Njengoba kubikiwe embikweni wezi-2016/2017, i-ULPDO isaqhubeka nokuthola imibiko kubaholi mayelana nokwenzekayo kule misebenzi.

## 9. U Amaphrojekthi Axhaswe Yi-ULPDO

*Itebhula 2. 2013-2018 imisebenzi exhasiwe*

| Unyaka | Isibongo | Isikole/Ikolishi | Isihloko Somsebenzi | Imali Egunyaziwe |
|---|---|---|---|---|
| 2013 | Buthelezi | ezesiNtu | Ukuthuthukiswa kwamatemu omkhakha azosetshenziswa abasebenza ngenqgondo | R 90 000.00 |
| 2013 | Christiansen | ezesiNtu | Imidlalo Yokufundisa isiZulu | R 70 000.00 |
| 2013 | Frescura | ezesiNtu | Isichazamazwi Esinezithombe Samatemu AseNingizimu Afrika Emidwebozakhiwo | R 50 000.00 |
| 2013 | Modi | AES | Imisebenzi enhlobonhlobo ehlanganise nezifundokubukeza zesiZulu. Ukufundisakubukeza ngesiZulu kwi-AES. | R 730 000.00 |
| 2013 | Keet | AES | I-COMMUTERM | R 56 880.00 |
| 2013 | Mathews | ezeMpilo | Amavidiyo amafishane | R 25 000.00 |
| 2014 | Modi | AES | Ukuhunyushwa NgesiZulu Kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-AES | R 80 000.00 |
| 2014 | Bengesai | LMS | Ukuhunyushwa NgesiZulu kwebhukwana Lemithetho YeKolishi i-LMS | R 80 000.00 |
| 2016 | North | LMS | Isaveyi YoLimi | R 200 000.00 |
| 2017 | Vorster | AES | Izincwadi zokushayela | R 86400.00 |
| **Ithothali** | | | | **R 1 468 280.00** |

## 10. Imihlangano Yokucobelelana Ngolwazi

Ukuthuthukiswa kwamatemu esiZulu kudinga ulwazi olunzulu lwenqubomgomo yolimi kanye nemigomo yomhlaba, okubalwe egcineni kusho inhlangano i- International Organization for Standards (ISO) kwezokuthuthukoswa kwamatemu. Yingakho ihhovisi lamema ungoti kwezokuthuthukiswa kwamatemu, okuqonda kahle okuyimigomo ethintwe ngenhla. Ukuqeqeshwa kwe-ISO kwakuhlose ukuthuthukisa amakhono osozilimi nabanye abasebenza ngolimi kanye nongoti bemikhakha ababamba iqhaza ekuthuthukisweni kwamatemu e-UKZN. USolwazi Antia Bassey wacobelela ababehambele umhlangano ngokubaluleka kokusebenzisa imigomo ebekiwe uma kuthuthukiswa amatemu ezilimi zase-Afrika nokuthuthukisa amatemu ahambelana nemigomo yomhlaba jikelele. Lo mhlangano wokuqeqesha nge-ISO waba yimpumelelo enkulu.

Uma sibheka phambili, i-ULB izokhulisa iqhaza le-ULPDO ngokokubonakala kwayo eNyuvesi. Ngemikhankaso esigunyazwe i-ULB, i-ULPDO izokwazisa umphakathi waseNyuvesi ngemisebenzi yayo. Lokhu kuzohlanganisa ukusabalalisa inqubomgomo yolimi ngesiZulu nesiNgisi eNyuvesi, ukukhangisa ngezinsiza esezakhiwe zobuchwepheshe nokuchaza ngokuthuthukiswa kolimi nokwakhiwa kokuhlalisana ngobumbano. I-ULB izokwakha nohlelo lolimi lwe-ULPDO ukuze luhambelane nohlelosu lwenyuvesi lonyaka wezi-2017-2021.

Ukuhambela izingqungquthela nakho kusekwa kakhulu futhi ukushicilela nakho kukhombisa ukudlondlobala kwezocwaningo lwezokuthuthukiswa kolimi, ukufundisa ngolimi kanye nezobuchwepheshe bolimi, ukukhiqizwa kolimi lwemvelo nokuthuthuka kokubhalwa kwezichazamazwi (zase-Afrika). I-ULPDO ineqhaza kuyo yonke le mikhakha yezokufunda.

## Okushicilelwe

**Khumalo, L**. 2017. Intellectualization through terminology development. *Lexikos* 27: 252-264.

Keet, C.M., **Khumalo, L**. 2017. Toward a knowledge-to-text controlled natural language of isiZulu. *Language Resources and Evaluation*, 51(1): 131-157.

Keet, C.M., **Khumalo, L**. 2017. Grammar rules for the isiZulu complex verb. *Southern African Linguistics and Applied Language Studies*, 35(2): 183-200.

Keet, C.M., **Khumalo, L**. 2017. Evaluation of the effects of a spellchecker on the intellectualization of isiZulu. *Alter*nation, 24(2): 75-97.

Keet, C.M. Xakaza, M., **Khumalo, L**. 2017. Verbalising OWL ontologies in isiZulu with Python. *The Semantic Web: ESWC 2017 Satellite Events*, Blomqvist, E et al. (Eds.). Springer LNCS vol. 10577, 59-64.

Dhunpath, R., Amin N., **Khumalo, L**. (Eds.) 2017. ***Alternation***: Advancing teaching innovation and research excellence in higher education. CSSALL, Durban.

Chimhundu, H. **Khumalo, L**., Mpofu-Hamadziripi, N. 2017. African Lexicography, Terminology and Living Heritage: Impact of the ALLEX-CROBOL Projects. Kjelsvik, B., Ore, C-E., Vikør, L., Wetås, Å., and Worren, Dagfinn. (Eds.).

**Khumalo, L**. 2018. IsiNdebele. In *The Social and Political History of Southern Africa's Languages*. Kamusella, T and Ndhlovu, F. (Eds.). 2018. Palgrave Macmillan: 101-117.